education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-11

ISIZULU ULIMI LWEBELE (HL)
IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2007

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora amabili (2 hours)

Leli phepha linamakhasi ayi-11.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abafundi bayacelwa ukuba bafundisise kahle imithetho ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isifundo Sokuqondisisa (30)
   ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
   ISIQEPHU C: Uhlelo Nokusetshenziswa Kolimi (30)

3. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.

4. Qala umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

5. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo ukusiza wena kanye nalowo ozobe ehlola umsebenzi wakho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Funda le ndatshana engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:

'Zishintshile izinto madoda!' Yebo impela zishintshile. Kwasho indoda ethile ivumelana nowesifazane ngezinto abahlala bezibona zenzeka lapha emphakathini.

Bakhuluma ngabantu abangakhululekile ngendlela abenza ngayo. Uyaye ubone umuntu wesifazane noma wesilisa esegqoke ibhulukwe elimpintshayo angabe esakwazi ngisho nokuhamba kahle imbala. Umbona elokhu ehamba edonsa ingubo ayigqokile ezama ukuthi ingampintshi kakhulu. Uzibuze nje ukuthi ubeyigqoke engayiboni yini. Ongazibophile ngengubo umthola egqoke emfushane kube sengathi uyibolekile. Uma kuyisiketi noma kuyibhulukwe kuphelela lapha esinqeni. Idanda lihlala obala, indaba yonakale uma esethi uhlala phansi. Abanye ubathola befake izikijana ezimfishanyana, okungathi bazidide nezezingane zakubo kanti ushaye phansi, ezabo. Sengathi kuzogcina kungasagqokwa lutho, abantu bezishayela nje. Pho indaba kabani ngoba kuthiwa azibuye emasisweni.

Uyaye ubone abantu belujile bezipende lapha ebusweni. Ungaze umedlule endleleni ungamboni kanti usuwedlula isihlobo sakho. Lapho kuke kwedlula khona umlomo kubonakala ngombala. Ingani nabo ubuso imbala buyagqokiswa. Ukupendwa kobuso khona kuke kudale enkulu inkinga uma uhlangana nalowo muntu owenza lowo mkhutshana. Kwesinye isikhathi uze umuzwe ngezwi uma ulejwayele ukuthi uyena.

Abanye abantu bagqoka izibuko ezimnyama lapha emehlweni. Ababe besayibona indalo njengoba injalo. Babona yonke into isiluhlaza cwe. Kufanele sibazwele laba bantu. Izikhathi namalanga okugqoka lezi zibuko ziyaziwa. Uke uxakeke futhi usubona umuntu efake izicathulo ezicijile, izinyawo zakhe zibe zizimbalakaxa. Uzibone sezibihlile ngapha emaceleni, zizama ukuphumela ngaphandle. Omunye aze anyathele sakuwunyanya umhlabathi kanti wenziwa ukukhala kwezinyawo.

Uthini ngalaba abazibopha ngomshado bengakakulungeli kahle ukuthathana. Akupheli minyaka emingaki bese beligqashula njalo ifindo ebebelibophile. Bakhohlwe amazwi abawasho ngaphambi kukamfundisi, kukaMdali uqobo kanye nabantu, okuthi bayohlukaniswa ukufa. Mhlawumbe kusuke kuwukufa kokuqala lokhu, uma umuntu efa kabili noma kathathu, ukuthi azibize ngokuthi uyindoda noma uyinkosikazi abuye aguquke futhi. Singephike ukuthi zikhona izizathu ezingalawuleki ezingadala lokhu.

Kukhona nalabo abazibopha lapha ezinhliziyweni. Uke uzwe umuntu efunga ukuthi yena ngeke aphinde amkhulumise uSibanibani. Omunye aqinise ukuthi yena ngeke aphinde alubhade olwakhe unyawo kwaSibanibani. Nango-ke lowo muntu usesenkingeni enkulu usefanele asizwe nguye uSibanibani lowo. Sekunzima-ke ukuthi acele usizo ngoba inhliziyo yakhe wayibopha. Usezokwenzenjani? Kufanele aye kuye lowo Sibanibani.

Omunye umuntu uyaye akhe umthangala omude ngempela, ebiya ngawo, ungabe usabona ngisho nendlu yakhe. Akafuni ngisho ukuba babonane nomakhelwane wakhe. Lowo muntu umfica equdule umlomo, ufunge ukuthi kwathiwa uma eke wakhulumisa omunye umuntu uzokwephucwa ubuyena.

Ukuzibopha lokhu kaninginingi akwenziwa ngomunye umuntu kodwa umuntu uzenza yena. Singathini-ke ngoba ohlaba eyakhe akalelwa. Uzenzile akakhalelwa kukhalelwa uzumekile.

IMIBUZO

1.1.1 Abanjani abantu okukhulunywa ngabo lapha kulesi siqeshana? (1)

1.1.2 Ngokwalesi siqeshana kusuke kwenzenjani uma kuthiwa umuntu esenyathela sakuwunyanya umhlabathi? (2)

1.1.3 Nikeza izinhlobo ezimbili zokubopheka okukhulunywa ngazo kulesi siqeshana. (2)

1.1.4 Chaza lezi zigejana zamagama njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini:

(a) Ngeke aphinde alubhade olwakhe unyawo. (1)
(b) Uzenzile akakhalelwa kukhalelwa uzumekile. (1)

1.1.5 Ngokucabanga kwakho umuntu obiya umuzi wakhe ngendlela yokuthi angabe esababona omakhelwane ungumuntu onjani? (2)

1.1.6 Ngabe uyahambisana nombono wokuthi kukhona abantu bazibopha ngomshado bengakakulungeli kahle ukuthathana? Sekela impeidulo yakho. (3)

1.1.7 Ngokombhali ukugqoka izingubo eziveza umzimba kuhambelana kanjani nokuthi azibuye emasisweni? (3)

1.2 Bhekisisa isithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:



IMIBUZO

1.2.1 Igama elithi: *iphupho* kulesi sithombe ngabe liqonde ukuthi ubelele yini lo uma ekhuluma la mazwi? (3)

1.2.2 Chaza umuzwa ovezwa yilesi sithombe. (2)

1.2.3 Bhala igama lesiZulu elisho ushampeni. (1)

1.2.4 Ubuye ngezinkani ... isimo sokukhuluma lesi. Ngabe sinika muphi umqondo ngendlela esisetshenziswe ngayo lapha? (2)

1.2.5 USimon ungumpetha womhlaba. Ngabe kuliqiniso lokhu? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.6 Unamasu amangaki lo mndeni wakwaRamoni? (1)

1.2.7 Ngokwalesi sithombe awusekho umehluko phakathi kwezingubo ezigqokwa abesilisa nabesifazane. Uthini wena? Sekela impendulo yakho. (3)

1.2.8 Yikuphi okunye okukhombisa ukuthi lo mndeni ushadile, ngaphandle kwezindandatho ezibonakala kowesimame? (1)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa le ndatshana ngokucophelela bese uyifingqa ngamagama akho aphakathi kwangamashumi ayisi-8 kuya kwangamashumi ayisi-9:

Abafundi sebethatheka njengabantu abangathandi noma abangazimisele ngemfundo yabo. Kufanele kubhekisiswe iqhaza elibanjwe umphakathi, abazali kanye nothisha uma sifuna ukulungisa lesi simo. Uma lezi zigaba ezintathu zingabambisana ngokulinganayo akungabazisi ukuthi lesi sihlava singelapheka.

Imikhuba yemindeni ineqhaza elikhulu ekwakheni uthando lokufunda lomfundi. Isikole sokuqala empilweni yomuntu ikhaya noma umndeni. Izingane kufanele zibone abasondelene nazo bekhombisa uthando nokuphokophela ukufunda. Ukufunda iphephandaba noma iphephabhuku komzali ntambama noma ngempelasonto kunomthelela omkhulu ekufundiseni ingane ukuthi kubalulekile ukufunda. Abazali abazinike isikhathi sokulalela izingane zabo uma zifuna ukubafundela izincwadi. Kubabuhlungu enganeni uma umzali engalukhombisi ugqozi lokulalela ingane lapho ifunda.

Uma abazali bengalitholanga ithuba lokuya esikoleni kungaba kuhle ukuba babhalise ezikhungweni zemfundo yabadala. Lezi zikhungo zidalelwe khona ukwelekelela abantu abadala ukuba bafunde, okuyikhona okuzokwenza ukuba bakwazi ukugqugquzela izingane zabo ukuba zifunde. Ukubafundela noma ukubaxoxela izindaba ezibhalwe ezincwadini ezahlukene nakho kuyasiza ekudaleni uthando lokufunda kubafundi.

Kule minyaka uzwa othisha bekhala ngezingane zesikole ezingafuni ukwenza umsebenzi noma ezingathandi ukufunda. Kwesinye isikhathi bakhala ngoHulumeni ngokubephuca amandla okujezisa abafundi ngenduku. Phela bona bakhule beqondiswa ngenduku ngakho bayakholelwa ekutheni ingane iqondiswa ngenduku. Baze bathi bayilokhu abayikho ngoba bashaywa.

Ngabe ngempela azikho yini ezinye izindlela zokwenza abafundi babe ngabafundi? Phela abafundi yilezo zingane ezaziyo okufanele zikwenze ngesikhathi esifanele nasendaweni efanele.

Indlela isikole esiqhuba ngayo naso singaba neqhaza esilibambayo ekwenzeni ukuba abafundi bangakushayi mkhuba ukufunda. Phela isimo ohlala kuso sinomthelela omkhulu ekubumbeni ubuwena nekusasa lakho. Isikole lapho abafundi nabafundisi bezilovela khona ngokuthanda bazihlalele bangayi esikoleni, abafundi bahlale bodwa emakilasini bengafundiswa muntu kuyenza ukuba bagcine bephelelwe uthando. Indlu engumtapo wezincwadi nayo ingaba nomthelela ekwakheni uthando lokufunda kubafundi. Nayo ayithi isikhona isetshenziswe ngendlela. Kulezi zinsuku kubakhona izindlu ezingumtapo wezincwadi ezikoleni nalezo zikaMasipala. Nakuba sazi ukuthi eyomile iyaziyela, kusabhekwe bona abadala ukuba bagqugquzele izingane ukuba ziye kulezi zikhungo.

Isikole nje ngasodwana singabakhuthaza abafundi ukuba bafunde ngokwenza imincintiswano. Leyo mincintiswano kungaba ngeyokuxoxa izindaba ezifundiwe noma ukubhala izindaba ezingabuye zifundelwe bona abafundi babe ngabehluleli bona ngokwabo. Bangakhuthazwa futhi ukuqoqa izincwadi abahlangana nazo bazilethe esikoleni zizokwakha umtapo wekilasi noma wesikole.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Akufanele abazali bangene izindaba zezingane zabo zobusha ngaphandle kokweluleka lapha nalaphaya. Umzali ongena kakhulu ezindabeni zezingane zakhe ugcina ezithathele izinqumo nangalabo ezifuna ukubenza abalingani bazo. Umuntu akazikhethele lowo afisa ukwakha naye umuzi, angakhethelwa. Ekhaya eliphilile kuyaxoxwa nje kuvunyelwane ngezinto. Kuliqiniso ukuthi akulula ukusho ukuthi kuyohamba kanjani emendweni. Abantu abakholwayo bathi umendo uyisipho esivela kuMdali. Kukhona abantu abakholelwa ukuthi umlingani umthola ekudeni nalapho uhlala khona. Izinkolelo eziningi ngalokhu zikhombisa khona ukuthi impumelelo yomshado hokuqondwa kwayo kusemandleni angaziwa umuntu.

3.1 Bhala imisho emibili elandelayo ikhombise ukuvuma:

3.1.1 Akufanele abazali bangene izindaba zezingane zabo. (2)

3.1.2 Kuliqiniso ukuthi akulula ukusho ukuthi kuyohamba kanjani emendweni. (2)

3.2 Thatha isakhi esidwetshelwe kulelo nalelo gama kwangezansi usisebenzise kwelinye igama lakho, bese lelo gama wakha ngalo umusho ngalo.

3.2.1 Emendweni (2)

3.2.2 Ekhaya (2)

3.3 Bhala usho ukuthi amagama adwetshelwe asebenze msebenzi muni kule misho elandelayo:

3.3.1 Ikhaya eliphilile liyaxoxa livumelane. (1)

3.3.2 Abantu abakholwayo bathi umendo uyisipho esivela kuMdali. (1)

3.3.3 Umuntu akazikhethele lowo afisa ukwakha naye umuzi. (1)

3.3.4 Ekhaya eliphilile kuyaxoxwa kuvunyelwane ngezinto. (1)

3.4 Bhala izaga ezimbili ngegama elithi: **umendo** ezichaza lokhu okulandelayo:

3.4.1 Intombazane kayize ingaqonda ukuthi iyophatheka kanjani emendweni. (1)

3.4.2 Kushiwo kuqondiswa entombazaneni ebikade iliqhalaqhala lapho isivovekile emendweni. (1)

3.5 Bhala umusho ngegama kwalandelayo elizoveza incazelo yegama engefani naleyo esesiqeshini:

3.5.1 Umendo (2)

3.5.2 Umlingani (2)

3.6 3.6.1 Igama elithi: **amandla** kwakhiwa kulo igama elikhomba indawo elithi: **emandleni** bese kuleli kwakhiwa elithi: **kusemandleni (ku(s) emandleni).** Nikeza elinye elizokwakheka lisebenzisa isakhi esidwetshelwe bese wakha ngalo umusho. (2)

3.6.2 Bhala umusho omkhulu otholakala kulo musho omagatsha ongezansi:

Umzali ongena ezindabeni zezingane zakhe ugcina ezithathele izinqumo. (1)
[21]

UMBUZO 4

Ephepheni ojwayele ukulifunda uhlangane nalesi sihloko, esibhalwe ngale ndlela:

Inkampani yamabhasi kaMasipala ithengwe **INKAMPANI YAMANDIYA ASE-CHARTSWORTH.**

Nikeza izizathu salokho nalokho okukhulunywa ngakho lapha ngezansi:

4.1 Kungani inkulumo ethi: inkampani yamabhasi kaMasipala ibhalwe ngezinhlamvu ezincane? (2)

4.2 Kungani emshweni ongenhla kuqalwe kanje kungaqalwanga kanje: **INKAMPANI YAMANDIYA ASECHARTSWORTH** ithenge inkampani yamabhasi kaMasipala. (2)
[4]

UMBUZO 5

Funda le mibiko emibili elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

Umbiko

ISIHLABANI SOQOBO.

Akungabazisi ukuthi u Presley abizwe ngesihlabani esiqavile salo nyaka, nakuba emncane kunabo bonke. Ubeke leli zwe lethu esilithanda kakhulu ezingeni eliphezulu kwezamabhayisikobho umhlaba wonke. Uzuze lo mklomelo ngokuphuma phambili emncintiswaneni wase-Afrika wamabhayisikobho ngesonto eledlule. Okujabulisayo ukuthi ubeqhudelana nezihlabani zomhlaba eziphambili kulo mkhakha.

Lona umbiko wesihlabani soqobo. Bhala amagama noma amabinzana **amahlanu** aveza ukuthi kukhulunywa ngomuntu owenze kahle noma omqoka. **[5]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30

AMAMAKI ESEWONKE: 70